# 4



# Inuku elinguDuduzile

## Ukugcina inhlanzeko nokuhlala ungumqemane



UDudu ufuna ukudlala ngonodoli wakhe.
Uphi? Konje ngabe ukuphi?
Ngabe ungaphansi kombhede?
Ngemumva kwekhethini?
Ngabe uphezu kwekhabethe lezincwadi?
Mhlawumbe uphakathi ekhabetheni?
"WE MAAAAA," kukhala uDudu, "Udoli wami uMbali ubalekile futhi!"





“Awubheke lobu buhliphihliphi Duduzile,” kusho unina. “Yingakho nje ungamtholi uMbali. Qoqa, leli nuku lentombazane!”
UDudu waqoqa izinto zakhe zokudlala wazifaka ebhokisini lamathoyizi.
Wanqwabela izincwadi zakhe ekhabetheni lazo.
Ekugcineni, wafaka zonke izingubo zakhe ezingcolile kubhasikidi wazo.
QAGELA! Ubani lowaya ocashe laphaya!



"Hawu, uMbali," kujabula uDudu. "Woza sizodlala!"
"Zintombi," kusho uMama kaDuduzile.
"Aninakuhamba ningcole kanje!"
UDudu wageza ubuso nezandla. Wakhuhla
uMbali ngemumva kwezindlebe.
Baxubha.
Base sebeyahamba baya kodlala nabangani babo.
Umama kaDudu wabaphakamisela
izandla ethi mabahambe kahle emamatheka.

